S.395 (26) Zulu Technique of basket work K13/21 13/21 F.Vilakazi.
AM/3/21. and hut building.

1/2

Izekwa umayingaza wakwa Nene wakwa Zulu.

Ukwakhiwa kwesilulu.

Isilulu esokufaka umbila noma amabele uma esevuniwe abulwa amaSwazi wona aye ngawafaki amabele nombila ezingolobaneni. Kwa kwakhiwa izilulu zokufaka loku. Uma umuntu ezokwenza isilulu uyaya qale ngokuyosika utshane. Kuthi uma utshane esebusikile abuswililise emanzini buthambe. Utshane bokwenza izilulu bude buvame ukuthalakala kuleli lasenhla. Usezosiqala isilulu usenza ungaphakathi kuyothi uma sesizophela aphumele ngaphandle. Asakhiwa ngentambo akhiwa ngotshani bodwa. Nakuzo izilulu kukhona izinyanga

2. zokwakha izilulu esingena amasaka alishumi uma sithengise siyi mbusi senziwa njenge sithebe ukwelukwa kwaso. Kuzathi uma umuntu enenala azenze zibe ziningi uma usezi qedile azezele izidlidli zokuze mboza. Izilulu zinexiba lazo uma kunge lona ixiba akhe iguma lazo kwakuba khona neso mundmzane isilulu.

Amaguma:

Amaguma abevamile kwelakwa zulu nakuwo futhi amaSwazi noma nanhlanjena asebonakala angasa nakwa njena. Wonake ayenzelwa ukuvimbela umoya. Kwakuthi uma ixiba seli phelile bese kuthathwa

3. izingodo noqunga sekuzo mbiwa ngomyango wenze isihonqo. Sekuzogxunye kwa izigxobo kuqala. Bese emvakwaloko sekugxunyekwa uqunga selizo phigcwa ukuba lungawi lixutshwe nazo izigxobo. Kuzokuthi uma umuntu ebona ukuthi lide manjena iguma useyeka ukuli phica ku akuthi ngesikhathi sokuvuna uma umbila ungaka hululwa bese ufakwa khona egumeni kuzekuthi uma usubululiwe uthelwe ezilulwini uma kuphekwa kuphekelwa khona egumeni uma lishisa ilanga zonke izinto ezinye bezi bekwa egumeni njenga manzi okuphuza nezi ngula zamasi. Iguma beli fana ne (kitshen) umuntu noma ekhuleka ubenga ngeni egumeni ubema ngaphandle kwalo sekuqamuka

4. umnumzane ephuma endlini ema egumeni. Amaguma anamasango okungena endlini noma abe mabili awafulelwa phezulu. Ixiba lona ixiba kuye kuhanjwe kuyolungiswa isiza lapho lizokwa khiwa khona. Kuza kuthi uma isiza sesi lungile bese kumbiwa umusele njengoba bekwazelwa iguma. Uma imisele isilungile usezo hamba umuntu ayofuna izinkuni ehlathini (izinthingo) uzogaula ezincane ezilungele ukugoba ezinde futhi kuzothi ezigxunye kwayo zibe qatha zona kunesinye.

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.

Uzakuthi uma esezi gaulile abuye ayozi gxumeka phansi. Usezoqala ngokugxumeka eziqatha phansi. Kuzokuthi uma esekwenzile loko usethatha ezincane ezibophela kuzolezo ezigxunye kiwe. Uzibopha ngenxoza. Inxoza lena iyebulwa emithini uyagaulwa umuthi b se umuntu ewushisa lowo muthi kuze webuleke kahle. Kuzothi uma indlu yakhiwa impela umuntu alande izinyanga zokwakha uzozenzela utshwala kuzothi bebopha bebe bezi goba izintungo bayeye baqaphelise uba indlu ime kahle kuzothi uma seba fika ngasemunyango bahhiye khona. Kuzothi ingaka fulelwa umuntu usezoyo funa izinsika zokuyi phasa ingawe. Kwesiye isikhathi zibeni ,i noma (4) uma indlu ibanzi insika yona isigxobo esikhulu sokuphasa kufakwa imishayo kuqala kande kufakweyona insika. Umase kuphelile loku seyiya fulelwa amakhosikazi aqala ngokuluka izihlandla zoku faka ngaphansi ukuze zibambe umule nokwenza indlu ibeyindle futhi ngaphakathi kwesinye isikhathi ziba ningi izihlandla ukuze indlu inganethi kuzothi phezu kwezi hlandla kuduzwe kahle ngotshane buhlelwe kahle utshane kuthi uma sekunjalo bese kuthathwa imishiki bese iduzwa kahle indlu loku kuwu musebenzi wama khosikazi. Ukuduza indlu kuye ku thandwe isala kuqala bese lubekwa phesulu okhakha ini lwen lu. Usesusa izintambo ezehlayo kulona usala zibamba utshani ziye zihlabe phansi. Usezothatha ezinye izintambo izincane kunemishiki sezinquma kabili ziphucwa khona emishikini ziwuqinisa zibamba notshani ukuba bungawi noma kuza umoya. Kuzakuthi ngapha dle kwendlu seku mbiwa umusele wokuhama amanzi angangeni. Kuzothi uma sekuphele l ku sekuzo gandaywa ukugandwaya kuthathwa umhlabathi othile onngadabuki noma isiduli njena. Usezo qala ngokumba phakathi nendlu leyo eyakhiwe usexubanisa umhlabathi kuzothi kunjalo usewuhlela manjena usezowu fafaza ngamanzi ukuba uthambe kuzathi ngakusasa usethatha izithebe ezindala nezimbokodwe sekuhlwa phansi kushaywa ngazo phezu kwa ezithebe. Kuzakwenziwa loku izinsuku ezimbili kuzakuthi uma sekoma sebegcina basinde ngobulongwe bashaye futhi sebe gudla manjena benze indlu. Umase kuphelile/ku sekwa khiwa iziko enziwa izinyanga enziwa ngobumbanawo ayaqashelwa ukuba a gadabuki abaphakathi nendlu. Kuzakuthi emusamo bese kwaklwa imbundu yokubeka izimbiza zotshwala nezi kamba. Kwesinye isikhathi ezinye izimbiza ziye mbelwa phansi khona lapho embundu loku kwensiwa amakhosikazi.

END 395

Digitised by the Open Scholarship Programme in support of public access to information, University of Pretoria, 2017.